



INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA  
NOKUXHUMANA NOMPHEKATHI KWAZULU-NATAL, UMNUZ BHEKI CELE  
EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI ENGUDWINI NGOLWESIBILI MHLAKA 11  
OCTOBER 2005.

Nginyanibingelela nonke

- Ukuze izinhlelo zikahulumeni zokulwa nobuphofu nezokukhulisa umnotho zenzeke ngokushesha kuzomele sazi ukuthi ukusabalaliswa kwemigwaqo ngendlela eyenelisa abantu bonke ikona okubaluleke kakhulu.
- Kungakho nje uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal usungule uhlelo lwengqalasizinda oluzohlangabezana nezidingongqangi zezakhamizi zalesi sifundazwe, luphinde luvule amathuba ezomnotho kubantu basemakhaya nasemadolobheni ukuze kwenyuke izinga lokukhiqiza kuyo yonke imikhakha kwezomnotho.
- Lolu hlelo lubandakanya ukwakhiwa kwamabhuloho asesimweni esifanele nemigwaqo esebenziseka ngaphansi kwazo zonke izimo zezulu, ikakhulukazi ekugqugquzeleni ezomnotho, inhlalakahle namasiko.
- Ukwakhiwa kwesizwe kuhambisana nokwakha kabusha nokulethwa kwentuthuko, futhi kubandakanya ukulethwa kwezidingongqangi zesimanje, hhayi nje emadolobheni kuphela kodwa nasemiphakathini yethu yasemakhaya eyayincishwe amathuba phambilini.
- Ngokuphendula isoyi namhlanje, senza isiqalo somsebenzi wokulungiswa kwemigwaqo uMain Road 218 noMain Road 710, esiqonde ngako ukunikeza umphakathi wakule ndawo indlela yokufinyelela kalula, noma ngabe izulu linjani, emgaqweni wetiyela uMain Road 50 enyakatho naseSundumbili eningizimu.
- Ukulungiswa kwale migwaqo kuzosiza ukuphumelelisa izinhlelo zokuthuthwa kwezingodo nomoba okukhiqizwa ngabalimi bendawo nokudinga ukuyiswa emishinini yezingodo nekamoba engasogwini.

- Isibhedlela iBolongwana yakhiwe eduze kwezimpambana mgwaqo uMain Road 218 noMain Road 710. Kuyacaca-ke ukuthi ukulungiswa kwale migwaqo kuzokwenza lula nokufinyelela kulesi sikhungo sezempilo.
- Kunezikole eziningi ezigudle lo mgwaqo nazo ezizohlomula ngokwenziwa ngcono komgwaqo.
- Lo mgwaqo okhona njengamanje ubuye ugqibeke lapho kunemizila kaloliwe ngezikhathi zezimvula ezinkulu. Yizo lezi zinto okumele zilungiswe zibe sesimweni esimelana nazo zonke izimo zezulu.
- Lo msebenzi wokulungiswa kwemigwaqo uzosiza kakhulu ngokwenza kufinyeleleke kalula kulezi zindawo:
  - IBongolwana Hospital;
  - Izikole eziningi ezigudle umgwaqo;
  - Umphakathi wonkana;
  - Abalimi bendawo abathutha izingodo nomoba;
  - Nasezindaweni ezinamathuba ezomnotho nezokuvakasha.
- Kule minyaka emithathu ezayo lo msebenzi uzongenisa ngaphezulu kuka-R60 million kulesi sifunda. Lomgwaqo uzoba amakhilomitha cishe angu-40 omgwaqo abe sesimweni esihle.
- UMnyango wezokuThutha uzobe usuwenza uhlelo oluzolandelwa ekwenziweni kwalo msebenzi ukuze kuqinisekise ukuthi osonkontileka bakaVukuzakhe babamba iqhaza esigabeni sokwakha nokuthi ukuqeqesha nokuqapha umsebenzi kube izinto eziphambili kulolu hlelo.

Okusempeleni, umthelela kwezomnotho ubaluleke kakhulu lapha. Akubona nje abasebenzisa lo mgwaqo kuphela abazohlomula ngalo msebenzi, kodwa kuzofukuleka nomphakathi wonkana kwezomnotho. Angithi vele abantu abazosetshenziswa kulo msebenzi bazothathwa khona emphakathini, okuyinto ezobasiza ukuthuthukisa amakhono.

- Ukuthuthukiswa kwengqalasizinda nje ngokwako kuletha amathuba ezomnotho, nokuyinto esibheke ukuyibona yenzeka lapha eNgudwini.
- Nginesiqiniseko sokuthi seniyazi manje ukuthi inyanga ka-October ibekelwe ukuba ngeyethuthi zomphakathi “iPublic Transport Month”. Umgomo omkhulu ngalo mkhankaso ngokuba sisheshise izinguquko emisebenzini yezithuthi zomphakathi.
- Ukuhambisana nalokhu-ke, sithi ukulungiswa kwalo mgwaqo kuhlelwe ngendlela ezokwenza ezokuthutha zisize abantu. Kuhlelwe ukuthi kube

umgwaqo osebenzisekayo ngezindlela zonke kubantu. Ukulungiswa kwalo mgwaqo kuzofukula indawo, kugqugquzele intuthuko kwezomnotho, kwakhe amathuba emisebenzi futhi kusize nosomabhizinisi abancane.

- Lo msebenzi siwuthatha njengesibonelo esicacile salokho esifuna ukukwenza kuyo yonke iKwaZulu-Natal, ukuze silungise umonakalo wobandlululo futhi siqinisekise ukuthi umsebenzi wethu uhlomulisa bonke abantu – ikakhulukazi izigidi zabantu bakithi ababencishwe amathuba phambilini.
- Lokhu kuyisinyathelo esinqala sendlela ehlelekile yokulethwa kwengqalasizinda kusetshenziswa izinhlelo zezokuthutha ezididiyele nezentuthuko edidiyele, kanti futhi kuyindlela ekahle yokuqinisekisa ukuthi ezokuthutha zilethwa kubantu lapho bekhona.
- Amabhasi namatekisi ayimikhakha yezithuthi zomphakathi ezibaluleke kakhulu. Yiwona futhi abuye aphakele umkhakha wezithuthi kaloliwe. Le mikhakha yezithuthi emithathu neminye engabalwanga lapha kumele isebenze ngokwesekana. Lo mgwaqo ungowenu, izakhamizi zalesi sifundazwe, ungowenu ukuba niwunakekele, kanti futhi ungowabanikazi bezithuthi zomphakathi ukuze benze umsebenzi ngokusezingeni elifanele kuwona.
- Khumbula lokhu:
  - Izithuthi zomphakathi zenza umnotho usebenze;
  - Uhlelo lwezithuthi olungcono nolusimeme luphumelela KUPHELA uma izakhamizi zibamba iqhaza;
  - Izithuthi zomphakathi ngezabantu bonke kungakhathalekile izinga abakulona emphakathini;
  - Iningi labantu baseNingizimu Afrika alinakuphila ngaphandle kwezithuthi zomphakathi;
  - Ukuphuculwa kwengqalasizinda yezithuthi zomphakathi kwenzelwa ukuba isebenze kangcono.
- Sengiphetha, masithi sonke: “Masisukume sakhe iKwaZulu-Natal engeyabantu bonke”.

Ngiyabonga